KWA MNYAMANA.

Isulumani elidumileyo ekade liku Field Street, eDurban. uMNYAMANA, esekelwe uNGOBAMAKOSI, bavule isitolo eNANDA MISSION STATION, kwa SCOTT. Bawutengile umuzi ka Scott, baqaba isitolo ne Bikawosi,

N nike niyawazi ta Masulumani kuhle nifike nibone intengo elula azonitengela ngayo nina base Nanda.

KUBATATI be "Langa."

UMTETO WE "LANGA" bonke abantu imali yalo bayikipe ngapambi kokuba litunyelwe kubo. Bakona eseyapela imali yabo kepa kabasayitumeli futi.

Bonke bayaziswa ukuti inxa ingafiki masinyane liza upeza ukutunyelwa kubo, bazintule izindaba.

KUBABHALELI.

BAYANXUSWA ukuba kuti lapa bebhalela ipepa baqapele lemiteto:—

1. **Kubhalwe** luhlangoti lunye lwepepa, kakubhalwa inhlangoti zombili. Owapula lomteto incwadi kayiyikufakwa.
2. **Kubhalwe** ngesandhla esicacambile esifundeka kahle. Ongenamandhla okubhala kahle, anxuse omunye ambhalele, kona engayi kujabhiswa ngokuba yaliwe incwadi yake.
3. **Atumele** igama lake noma etanda ukuba libonakale, nonxa engatandi alitumele; kodwa ongatandi ukuba libonakale kaliyikubonakala, atumele nekeli lake futi.

Ningayenza kalula

Imali Nisekaya.

Noma ngakube usebenzapi, ungadhlula utole imali ngapandhle kokutikimezeka komsebenzi wako.

Bonke abakwazi ukubhala nokufunda isiNgisi lapa eSouth Africa, ababhalele uMr. A. H. TODD,

Chemist,

Red Hill, Natal.

ISAZISO

Kukona umhlaba engitengisa ngawo ungu 116 acres ngibiza opondwe ababili neshumi losheleni nge acre otanda ukuzwa kahle ngawo malobele mina ngotokoza ngokumpendula ngakokonke akubuzayo lomhlabati use Georgedale esifundeni sase Camperdown.

Yimina owako,

CHRISTIAN LUTAYI.

Georgedale M. S.,
Cato Ridge.

Amandhla Amaqiniso

Ukomelela Koba ube nokwenza namandhla awenza ukuba Ukwenze.

Amadoda amaningi awo melele anesidumbu esomelele ezwa ebutaka engenakwenza luto, sinamaqiniso ukuti ayamangala ukuti anani. Ezwa engatandi luto evilapile, ahlushwa ikanda, isinqe, ukuqanda kwekanda okuse mihlatini, ahlushwa ukupelelwa umqondo nokungatoli butongo, atole, nokuti, amandhla abo esidoda ayapela.

Indoda ijabuliswa amandhla ayo, kepa amadoda anje ngala sikuluma ngawo ngenhla awatoli kujabula ebomini **kuba Igazi, Ubucopo ne Mitambo ingatoli kudhla ibutaka.** Idinga i **Virata**, okona kudhla kuhle nokunika amandhla ko Bucopo ne Mitambo nomuniki mandhla kweko yakona.

Inoku ditvanisiwe **okunika amandhla** ngoku ngamaqiniso labo baziswa bebutaka bedakumbile, nalabo bapelelwa impilo namandhla, bafanele ukusebenzisa i Virata izikati zonke, kuba bayakutola ukuti, ngokuyisebenzisa, lawo mandhla nawesidoda banokupinda bawatole.

Labo bezwa betanda ukutola isiluleko ngempilo yabo (ngesisa) bayacelwa uba bababhalele kwi **Virata Co., P.O. Box 742, Cape Town,** bakusho konke abahlushwa uko.

I Virata itengiswa iku mapakati ampofu ngawo onke amakemisi nezitolo ngo 3/3 igabha elitotwa kumbe asitupa ngo 18/-. Uma ungena kuyitola, tumela i postal noto kumbe izitembu oyakutunyelwa.

Zulu—V.9.

Awezelelesi eBhayi

Intombasana yeKapunari yadhlisa umuntu ekofini, inqunyelwe ukuba iyekuboshwa lapa izakufunda kona ubuntu; ihlale kona ize ibe neminyaka elishumi eliva ngesipohlongo.

Umuntu obebambe intombi uboshwe izinyanga ezilishumi nambili.

Umfana owahlaba abanye abafana ababili ngomese, uboshwe iminyaka esihlanu atshaywe imivimbo elishumi nesihlanu.

(Ku Mbleli we "Langa")

Mngane,—Ngiyacela nkosi ukuba ungifakele, angisiye umuntu okuhlupayo.

Ngike ngatata uhambo olude pakati kwabantu baka Nkulunkulu ngaze ngafika kumshumayeli womfazi. Lenkosikazi ingumfundisi ebandhleni le Independent Methodist Church of Africa engi uMongameli nomqambi walo. Into engimangalisile ukuba ngibone isihlwele sabantu abapiliswe ngohlobo lwaba Postoli be abantu abatandazelwe iyo lenkosikazi. Pela nxa sengi kuluma inhliziyo yenhliziyo yami angikolwa mina ukuti kulezi nsuku sinikiwe amandhla okupilisa ngokwenyama. Mina ngikolwa ukuti nginawo amandhla okupilisa ngokwase moyeni. Kodwa kule nkosikazi ngifunde into entsha sengati uyamazi uJesu uqobo lwake. Ngite nxa ngibona amakolwa akwake, kwangi kumbuza abazali bami ababe tandaza ehlane. Ngafunyanisa nabo beuqinisile lowomkuleko. Ngezwa sengizeya nami ngati enhliziyweni yami kanti nakulezi nsuku kusengabakona yini amandhla nenkolo engaka. Ngifika futi amabandhla ake ewakipile etshwaleni ngohlobo olungazisiyo, nase zinhlanganisweni zake ekuluma kupela ngoJesu. Ngazizwa sengi puza emtonjeni wabo.

Lendaba ngize ngiyi veze nje, Mhleli, ingijabhisile mina. Ngihamba kangaka nje pakati kwamakolwa awo onke amanye amabandhla indhlela yokukonza uNkulunkulu angikaifici ifana neyao Baba. Sengati eyamanje ku vame ukolo lolwazi olungasilo lomoya, ka Nkulunkulu. Kwangi cacela ukuti impela inkolo kanti isese muva. Ngifice futi lenkosikazi isifumene isiza kanye nendhlu yoku sontela. Ngaku mangala ukusebenza kowesifazane okungapezulu kokusebenza kwabafundisi besilisa. Ngiwumuntu obadelile abantu besifazana. Futi nomanyano lwabo mina angikolwa ilona, ngiye ngiti sebe pume esipolweni lababantu.

Lenkosikazi eyase New Castle nje ngomfundisi webandhla lakiti usedale amabandhla amaningi futi ububanzi be Circut yake beno kutata uhambo lwezinyanga ezintatu. Lenebe eFuleistata, eNatal kwaZulu nase Transvaal. Nami angikawaqedi kahle amabandhla ake, sengoya ngikuqondile. Xola, Baba.

Yimina,

JOEL MSIMANG.

New Denmark,
Standerton.
5th Sept., 1915.

(KU MHLELI WE "LANGA")

Mngane,—Ngivumele ngipefumule ngoku vakatsha kwami. Qa, baba ngihambile ngiti akengi vakatshele umnumzane wakiti eNcwadi uJames N. Gumede. Ngafika kanye nencwadi elotshwe ibandhla lakubo eMaritzburg lapa azalwa kona ngokwe sibili, ngingatsho ukuzalwa ngenyama, ngitsho kuka moya. Ibandhla lilobe incwadi yokumkumbula enhle kakulu. Njengaloku nazi ukuti sikulu isikati apuma kulona; wapuma kanye nomfi uRev. B. Cele. Incwadi yoku qala abamlobela yona yakuluma amazwi amahle kakulu noma ngingezu wafaka ngizaufaka lawa engifike ewafunda awe yesibili, nanko ngezansi amazwi ebandhla lakubo. Mina ngiyatokoza lapa ngibona umuntu epuma ebandhleni kahle, ibandhla limkumbule, okubonisa ukuti isikundhla sake siyamkalela pakati kwebandhla. Ababangaki abapuma ebandhleni bakalelwe, soku okwesibili kulo mnumzane. Wake waya kosebenza eTekwini, ngezwa bemkalela. Nakoke esikwefunda embalweni iNkosi ekuluma ngako iti, nobabona ngezitelo zabo siyabona ke ukuti lona bamkumbula ngezenzo zake uMr. J. N. Gumede. Mina bakiti kuya ngijabulisa uma ngibona umuntu ekade ahlukana nebandhla isikati esingaka lidhlule limkalele. "Niyo babona ngezitelo zabo." Ngiyayi bonga inkosi eyakuluma izwi lokuti, "Nobabona ngemisebenzi yabo." Nango umfo wakwa Gumede. Ngikufisela inhlanhla namandhla nodumo, uJehova akunike amandhla okuba umazi mfo wakwa Gumede.

323 Greyling Street,
Maritzburg.
6, Sept. 1915.

Dear Mr. Gumude,—

Sinxuswe ibandhla ukuba silibongele u 5s. omtumeleyo malungana nesicela ebesibhekiswe kuwe. Siyabonga ukupendula kwabo namazwi ako okusikutaza. Sengati uSomandhla angabusisa umnikelo wako. Yitina egameni lebandhla.

PETER M. MNGANGA.
Umalusi.
JOHAMNES NDABA.
Umgcini sikwama.

IBHANGE laBANTU eTekwini.

LIKU

321 Smith Street, Durban.

Nanso intando, Zulu, ose Tekwini. Namhla nivulelwe iBhange lokuba nilonde imali yenu.

Okuhle kakulu limelwe abantu bakini abapambili, abanye babo ilabo enibaziyo abemela elise Goli elipetwe uMr. Jeremiah Langeni. Lipetwe inkampane yinye nalo lelo.

Okuhle kakulu leli Bhange livumela ukuba umuntu aqale ngemali epansi ukuyilonda kulo engango 5s. Akona amabhokisana atengwa ngo 5s; umuntu abe eyatole zukwana angamsebenzisiyo okwaleso sikati amponse kona alitate aliyise eBhange, bamvulele iyapuma isiumtamwana. Iqaleke ukuba inikeze inzalo enhle. Noma inini imali oyifaka kona ikunikeza inzalo enhle ngaso leso sikati..

Nofumana umuntu wakini oqale ukuba kona ngo September 1, uZamowake Lutuli, umfana kaMhlanumpofu Lutuli wase Mvoti.

Nantoke iBhange elivulelwa egameni lenu, Zulu, lipetwe abantu bakini.

Kungenwa ngomnyango obhalwe ngesintu oti:—"IBHANGE LABANTU."

Imali yako ungayikipa noma yingalupi usuku mhla uyidinga.

Londani imali yenu, niyeke ukuyicitela ezeni. Isizwe esingensBhange asinamkuba. Namuhla nanso intando.

IBHANGE LABANTU

THE **Colonial Banking & Trust Company of South Africa, Ltd.**

321 Smith Street,
Durban.

Ngokutumba itsheke.

Indaba ka William, wase Ndwedwe owati uba atole itsheke lomlungu wake asebenza kuye ebhange wazama ukuya kuliguqula ukuba libe imali. Kasikezwa ukuba ungumfana owafundapi, singasho ukuti indawo afunda kuyo siyifunela ukuba sitini ngayo. Siyifunela ukuba siyikalele ngokuti yenz' amandhla esambane; ngokuba uWilliam wafundise lwa ukuba abe lusizo kwabo napakat kwezwe lonke lakubo. Nobeteta icala lake umsole kahle 'ngezwi lokuti, "imfundo yako ka ikusizi ngaluto." Okanye keimpela!

Sizwa ukuti lomfana wati esaqeda kufika emsebenzini womlungu wake u Mr. Waugh wakangwa litsheke lilotshwe £15, wase uhlaba yena ibizo lomlungu wake useqonda nalo ebhange, usebuya kona etuswa ukuba ati opata imali afike angaze aliqonda leligamu, ahle aqonde ezincwadini ezipete bonke abafake imali yabo. Ngokubona esitela ngasemva, wemba wembulula uWilliam. Limlahlile, waboshwa izinyanga ezisitupa.

Inhlambi Yamanzi Ibulawa Amanzi.

ECapetown kwapuma izikebhe ezilishumi nambili zaya kudoba pakati elwandhle; kepa kwati ngobubi bolwandhle, kwaqulusela zibili kwaba kupela. Sezipakati esinye sagumbuqeleka, sabatulula abasitupa, bafa abane kwasinda'babili.

KU MHLELI WE "LANGA."

Mngane,—Ngicela indawana epepeni lako elidumileyo, kengipendule umngane wami "Otand'ukwazi", ongibuza ngokuvela kwesizwe sakwa Ngcobo. Pela nami ngiyajabula inxa ngibona kuvela abafana nomfo·wetu lona "Otand'ukwazi", ngiyabona ngaloko ukuti kanti bakona abanakekeleyo abafuna ukwazi isiminya sale'ndabs ka'Ngcobo Omkulu.

1. Yebo-ke "Tand'ukwazi", ngiwabonile amazwi ako owabuzileyo kimi, kodwa ngiyabona ukuti auwafundanga kahle amanye.

2. Njengokubuza kwako "ikohlwa lakwa'Ngcobo", ukuti "iyipi induna" Ngipendula kuwe ngokuti: angazi; ngoba uNgcobo wabe enomfowabo munye engimuzwayo, uMketshane; angazi ke kulezi'zindhlu ezinye zakwa Ngcobo—amaNgidi, namaOsiyana, engingakuqondi kahle ukwelamana kwazo namaNgcobo; ngoba uTshangase wab'eng'owakwabo'Ngcobo; endhlini, wab'engeze waba lona "ikohlwa".

3. Wena ubuza ukuti "uMkalipi lo ka Toko kanye nguye yini uMkalipi ka Nombuya na? Naye uNombuya wazalwa kuyipi indhlu yena na?" Kepa uzwile enncwadini yami evesini 2, lapa ngiti: "Kukona nalaba baka'Mdhliwaiyeve, bakaMkalipi ka Nombuya, okutiwa kubo "Ngcobo-Bhelesi, esingakuqondi ukuzalwa kwabo." Pezu kwalawa'mazwi ami wena udhlula ungabuzi ukuti: "uMkalipi ka Toko konje nguye yini uMkalipi ka Nombuya na? Ngiya kohlwa-ke ukuti kanti wena uyifunda kanjani incwadi yami. Bengiti uzwile ukuti uToko ka Deleka ka Dindi wazala uMatomela nomfowabo uMkalipi, kepa uMkalipi ka Toko kazalanga'ndodana, wazala amadodakazi odwa, ukupela umfowabo uMatomela ka Toko wazala amadodana amatatu, ewona edhle ifa lika'Mkalipi uyisekazi. Amadodana lawa amatatu ka Matomela ka Toko ngu Magwaza no Fulela no Ndomba. Ngikutshelile ngati: uMagwaza ka Matomela wazala izibulo lake uNonkokela, Nosifile no Magema, no Ndokweni, no Mlingane, no Mfihlo, no Nsiki no Pepela, no Masoka no Dindi, no Matshikwana, no Lubhobho. UFulela ka Matomela wazala uTungunono (elinye ngu Jazi owabe induna lapa eHowick), no Nzaka, no Sigweje, no Nkankane nabanye. UNdomba wazala uGwambi nabafo wabo. Laboke bobatatu, oMagwaza no Fulela no Ndomba bazalwa ngu Matomela ka Toko, ka Dileka, ka Dindi, ka Mdunane ka Sanimuse, ka Xonxo, ka Gasela. U Mkalipi lona welamana no Matomela, bang'amadodana ka Toko bobabili. Funda kahle amazwi ami Tand'ukwazi.

4. Kutiwa uBhacela uzalwa ngu Dubo umfo wabo ka Tondolozi; ngingekuqinise loko kakulu, ngoba pela kuvele mdhla sekufike uMagozi evela kwa Zulu, sekubangwa; mandulo ngangiti uBhacela uzalwa ngu Tondolozi naye.

5. Pela mina bengiti uMadoda lona uzalwa nguBhacela, ngiti uyindhlalifa yake.

6. Angisho ukuti ulibonile kweyam incwadi leli olishoyo lokuti: "uNgcobo wazalwa nguSibiya kaTondolozi;" angazi ukuti wena ulitolepi lelo. Ubuye uti futi: "Abanye bati wazalwa ngu Bhamula." Ngiyakupikisa ke kulelo abakwa Ngcobo kabazalwa nguBhamula; kodwa inxa wena utanda ukuqamisa igama lika Bhamula kuhle uti: uMqedi uzalwa nguDeliweyo, kaDubuiana, kaSirayo, kaMapoloba (elinye-uZonca), kaMbheie, kaMaguya, ka Yemese, kaTondo, kaDindi, kaBhamula, kaBuyiswayo, kaLudiwo.

7. Engikuzwileyo mina ngokokuti: abakwa' Cele laba kungati ba'mnxa munye nabakwa' Ngcobo, kungati kwabe kwaziwana nas'endulo. Kodwa "amaDebe" lawa (oNomsimekwana) bakude kakulu ku'Ngcobo; angibapete nokubapata "oMadzikane" laba (abangabakwa Zulu nase kuzalweni kwabo). Funda kahle amazwi ami.

MAGEMA M. FUZE.

KWA . . .

A. G. RANDEREE,

111, Field Street,
DURBAN.

Igama lami nati ngenhla, imina ese ngitabate ivinkili lakwa MNYAMANA kuyo le ndawo engenhla.

Ngi tengisa nge zinto eziningi ezitandwa abantu le silisa ne sifazane.

Futi intengo ye mpahla yami ivama ukwenelisa abaningi abafika ukutenga evinkilini lami, Izingubo za besifazane izinhlobo zonke zazo, zikona. Amaprint alukuni abantu abahlupekayo, kanye nawo kuhloba maningi, kakulu futi abiza kahle. Izingubo ezitungiweyo nazo zibiza kahle kakulu. AmaSholo namaJaz maningi.

Izingubo zabe silisa ezitungiweyo ziningi, futi zibiza kahle.

Abafuna umsiko, bayenzelwa ngokushesha June 18.

Umahlaba-Ekufeni.

Umuti onga Pezu Kwayo Yonke Imiti!!

Ofete lihlare kaofela tseteng.

Ulunya kunao onke amayeza.

Umuti onga Pezu Kwayo Yonke Imiti!!

Ofeta lihlare kaofela tseteng.

Ulunya kunao onke amayeza.

UMUTI WOKWETSHISA UKULULE IMBILINI KUMUNTU NXA ENGAYI KAHLE NGAPANDHLE.

UMUTI WEZIFO ZONKE KUBANTU UYIDHLULA YONKE IMITI.

Umahlaba-Ekufeni.

UMUTI OPILISA KONKE EMZIMBENI YABANTU.
UMUTI OGEZA UMZIMBA WONKE.

Umuti owenziwe ukuba usuze izifo zonke kubantu.

Lomuti usunezi qiniselo ezikulu ezipuma indawo ngendawo kwabe bandhla ukuti aba pilisile impela.

Umuti osizayo kakulu ekuhlumiseni abesilisa amandhla obudoda.

GWINYA LUBE LUNYE NOMA MABILI KUSIHLWA.

1/- IDOSHA, NGEPOSI, 1/2. 5/- AMADOSHA ASITUPA, NGEPOSI, 5/4.

Tumela imali ngePost Order noma zitembu nge posi,

— UTAKWA NGU —

Fleming Johnston

(UMKISHANA),

UMKEMISI . . . . UKULUMA ULIMI LWABANTU

Enhlanganweni ka FIRST AVENUE no ASCOT STREET,
Ubhekene nesikole esitsha sakwa Hulumeni, Epsom Road.

Phone 263. GREYVILLE, DURBAN P.O. Box 68

Tokoloho ea Mahlaba Lefung.

Kemoriana otsollisang olokolla ka maleng ho motho.
Kemoriana ofodisang mafu Kaofela a batho.
Oneha matla 'Meleng.

Okoenye ele ngoe kapa tsepedi ka Phirimana ha oroabala.
Tefo ke sheleng (1/-) ka komana kapa sheleng tse hlano (5/-) ka komana tse tseletseng.
Romela chelete ka Post Order kapa litempe.